ASb approved

Ikhaya Lezilwane Elikhethekile

Pumla Mdontswa
Magriet Brink

isiZulu

African Storybook.org

Leli yikhaya lezilwane eziyizintandane.



Ngenyanga edlule bekumatasatasa kuleli khaya. UNdlovana ube ngowokuqala ukufika. Wayezacile futhi elusizi.



Kodwa ngokukhulu ukushesha uNdlovana wanonophala. Waqala ukudlala nezinye izilwane.



Ezinsukwini ezimbalwa, kwathi cababa indiza enophephela emhlane kuleli khaya.

Ngabe ilethe bani namhlanje? Ha! Omunye undlovana?

UNdlovana wayembeswe ngengubo yokulala. Wayenezinsuku ezinhlanu ezelwe. Umgcini wamncelisa ibhodlela.

Vum, vum, vum!
Ngubani-ke lowo?
Ha! Yiloli elilethe
uNdlulamithi.



UNdlulamithi wayenezinyanga ezinhlanu. Wayebuthakathaka emva kohambo lwakhe olude.

Ngenxa yentamo yakhe ende, umgcini kwakufanele agibele esihlahleni ukuze akwazi ukumncelisa.

Ekupheleni kwenyanga kwa gcina sekufike izintandane zamawundlu engwe. Zazintathu, uKopi, uKipi, noKeji.

Umgcini nabasizi bakhe babezithanda zonke lezi zilwane, ngisho nalezo ezigangile.

Abantu bakuleli khaya babesebenza kanzima kodwa ngothando. Babefisa ukuthi ngelinye ilanga lezi zintandane ziyokwazi ukuzinakekela ngokwazo, zibuyele emakhaya azo emvelo.

You are free to download, copy, translate or adapt this story and use the illustrations as long as you attribute in the following way:

Ikhaya Lezilwane Elikhethekile

Author - Ursula Nafula and Nina Orange
Adaptation - Pumla Mdontswa and Zanele Zuma
Illustration - Magriet Brink
Language - isiZulu
Level - First sentences

© African Storybook Initiative 2015
Creative Commons: Attribution 4.0
Source www.africanstorybook.org